**UMBONO, IZINHLOSO, OKUQONDIWE NAMAQHINGASU**

Kuyothi kushaya owezi-2030 uMasipala WeSifunda iHarry Gwala uzoba ngophuma phambili ekuhlinzekeni ngamanzi esifundazweni iKwaZulu-Natal lapho imiphakathi yawo iyobe izuza emikhakheni yezolimo nezokungcebeleka ehlabahlosile.

**ISITATIMENDE SEZINHLOSO**

Ukusebenzisana nemiphakathi yawo nababambiqhaza uMasipala WeSifunda iHarry Gwala uzoqinisekisa ukuthi uhlinzeka izinsizakalo zamanzi ahlanzekile, aphuzekayo angaphazamiseki kanye nezinsiza zenhlanzeko ezifanelekileyo futhi ulwele ukuthuthukisa imikhakha yezolimo nezokungcebeleka ukuqinisa isithunzi sabantu.

**IZIMISO EZINQALA**

Ukuveza obala • Izibophezelo • Ukubonisana • Ukuzibophezela nokwethembeka



# UHLU LOKUQUKETHWE


| | |
|---|---|
| Amazwi Okwandulela oMhleli | 04 |
| Isandulelo seMeya | 05 |
| Amazwi kaMenenja kaMasipala | 07 |
| UMasipala waseHarry Gwala uMkhandlu oMkhulu | 08 |
| Izinselelo ezicekela phansi ukuphakelwa kwamanzi okungaphazamiseki nezidingo zenhlanzeko kuMasipala weSifunda i-Harry Gwala | 10 |
| Imbizo yabatshali-zimali eHarry Gwala | 11 |
| Umhlangano i-Open Council | 12 |
| Kuyisibusiso eKokstad ukuthuthukiswa kwedamu iKempsdale | 15 |
| Abakwa-Sassa babuyise ukuzethemba kubafundi | 17 |
| ISifunda sidweba uhlelo lokuletha izinsiza nentuthuko | 19 |
| Alingatshazwa iqhaza lezokuxhumana kwezentuthuko | 21 |
| IMeya igqugquzela ukubambisana kwemiphakathi namaphoyisa ekulweni nobugebengu | 22 |
| UMasipala iHarry Gwala nesithangami nabaholi bomdabu ngezinhlelo zeSifunda kunyaka-mali u-2024/2025 | 23 |
| UNgqongqoshe Wezemfundo ushayela ihlombe isifunda i-Harry Gwala ngemiphumela ka-Matric | 24 |
| Izigidi zokuthuthukiswa kwemigwaqo esifundeni i-Harry Gwala | 25 |
| Ibanjwe ngempumelelo ingqunguthela yentsha kuMasipala weSifunda iHarry Gwala | 27 |
| UMnyango wakwa-CoGTA KZN wethula uhlelo lwesikhungo sezimo ezibucayi | 28 |
| Abaphathi kuMasipala weSifunda i-Harry Gwala bahlola umsebenzi | 29 |
| Izinkonzo zamanzi: Ukuthuthukisa nokulondolozwa kwengqalasizinda | 30 |
| Ubuhle be-Harry Gwala District Marathon | 32 |
| Enye indumezulu kubathandi bezemidlalo - I-Harry Gwala District Mayoral Cup 2024 | 34 |

AMAZWI OKWANDULELA OMHLELI

# Ususukile umshikashika wohambo lobuholi obusha



**UMnu uNdabezitha Tenza**
Umphathi Wezokuxhumana

NGENKULU intobeko, ngibingelela abafundi bethu abangaphuthelwa yilolu shicilelo. Ekusongeni unyaka wezimali ka-2023/2024, ngifisa ukuthatha leli thuba ukubonga ukuseseka kwenu, nokubambisana nathi nezeluleko. Ukwenza kwenu kusinika umfutho nogqozi lokusebenzela ukuhlangabezana nakho konke enikulindele kithi.

Okumqoka kithi ukuqinisekisa ukuthi umphakathi nesibambisene nabo bahlale bazi ngokuqhubekayo eSifundeni sethu. Ushicilelo lwethu luphuma njalo ezinyangeni ezintathu, lapho sisuke siletha imibiko ngenqubekalaphambili yokulethwa kwezidingo kubantu neminye imisebenzi eyenziwa uMasipala wethu. Sihluba udlubu ekhasini ngakho konke, okuyinto eyenza ushicilelo lwethu lube nesasasa.

Sithi-ke inqola iyajika, bambelela ungasali nakulokhu njengoba sizokwethula imibiko egcwele yeminyango ehlukahlukene kaMasipala. Siyazi sonke ukuthi muva nje, mhla ka-29 Meyi 2024, bekunokhetho eNingizimu Afrika obelunombango ovuthayo kwazise sezibe ziningi izinguquko ezakhiweni zepolitiki ezweni. Abantu sebekhulumile ngevoti okhethweni, leli yizwi elimqoka ekubunjweni kwentando yabantu.

Njengoba siqala uhambo olusha ngaphansi kwePhalamende lesikhombisa, sinesiqiniseko ukuthi kuzoba khona ukunyathela okusha ekulethweni kwezidingo kubantu. Bangaphezulu kuka-27.6 million abantu abebebhalisele ukuvota kulolu khetho esisuka kulo. Lolu uphawu lwenqubekelaphambili eyenziwe uhulumeni ukushumayela ivangeli lokubamba iqhaza kwabantu.

Besilokhu sikhuthaze njalo ukuzihlupha kwabantu ngezwe labo, bangahlali besonge izandla bethathelwe abanye izinqumo. Abantu kumele babe nezwi ngokwenzeka nokwenziwa uhulumeni, okubalwa kukho ukukhetha ubuholi.

Umthetho womasipala, i-Municipal Systems Act (MSA) 32 ka-2000, Isigaba 4 (16) (1) uthi umasipala awukhuthaze umkhuba wokuzibandakanya kwabantu ekweseken izinhlaka ezikhethelwe ukuphatha. Kumele kube nendlela, ngokwalo Mthetho, yokwenza imiphakathi yezindawo izikhathaze ngezindaba zomasipala. Izisebenzi, amakhansela nabaphathi kuMasipala weSifunda i-Harry Gwala sebehambe ibanga kulungiselelwa, kwenziwa futhi kubuyekezwa uhlelo oludidiyelwe ngokweSigaba 5 salo Mthetho kuwo wonke ama-Ward kusukela eSifundeni kuya komasipala bezindawo.

### Umbiko wesikhwama seSibonelelo

Ngaphezu kwalokhu, isikhwama se-Municipal Infrastructure Grant, esingenye yezindlela zikahulumeni kuzwelonke nowesifundazwe yokufukula ukulethwa kwezidingo kubantu, sihlose kakhulu ukulekelela izinhlelo ezisalele emuva nokuqinisekisa ukulethwa kwezidingo ezimqoka njengamanzi nenhlanzeko.

Sesibe khona-ke isigcawu esinjalo esenzeka ngomhla ka-19 Ephreli 2024 ezindlini zoMkhandlu weSifunda i-Hary Gwala, eXobho, lapho kwachazwa ngebanga eselihanjiwe ngokusebenza kwezimali eSifundeni. Kwaphinde kwabikwa nangocwaningo lwamabhuku lwangaphakathi, namasu akhona okubhekana nesimo esibucayi kanye nokusebenza kwemimnyango ehlukahlukene kaMasipala. Wethulwa nombiko ngesimo sezimali sekota yokuqala onyakeni neminye imidanti mayelana nokusebenza kwezimali zesibonelelo.

### Umjaho i-Harry Gwala Marathon

Libe likhulu isasasa ngomjaho wanonyaka i-Harry Gwala District Marathomn ogijinywe ngempelasonto yePhasika (31 Mashi 2024) nokwenze wahluka kweyedlule. Yahlukene imibono yabagijimi ngomjaho wakulo nyaka ngoba umzila wawo ubuthanda ukuqansa, usuka esiteshini samaphoyisa e-Ibisi uphelela e-Ixopo High School.

Kwaba nenkuku injabulo iqhawe lendawo, uMholi Jali waseMzimkhulu, eshaya kuqala intambo ku-42.2km. Ngakolunye uhlangothi, uMeya weSifunda uZamo Nxumalo, wamangaza abaningi engenelela lo mjaho ebangeni lika-10km.

### UMkhandlu weNtsha

Mayelana namasu okusungulwa kwemikhandlu yentsha eSifundeni nakoMasipala bezindawo, sibambe imbizo i-Youth Summit yezinsuku ezimbili e-Oaks Country Hotel, eRichmond. Inhlosongqangi yale mbizo kwabe kungukufakana imilomo nentsha mayelana nezinto ezithinta yona empilweni nokudlulisela ulwazi ngezindlela zokuzithuthukisa. Ukubambisana kukaMasipala nohulumeni wesifundazwe nokazwelonke kuyaqhubeka njengoba uMphathiswa wezokuThutha, Ukuphepha koMphakathi nokuXhumana, uSipho Hlomuka esethule osonkontileka abaningana abazophucula imigwaqo eminingi eSifundeni sethu. Lapha singabala imigwaqo ekomasipala eBuhlebezwe, e-Dr Nkosazana Dlamini-Zuma, ne-Greater Kokstad. Le migwaqo ibiwumgubane kodwa isizoba yitiyela kanti kuzodaleka namathuba emisebenzi ngayo.

### Imidlalo ye-Mayoral Cup

Imidlalo ye-Mayoral Cup eSifundeni iHarry Gwala yenzeke ngomhla ka-24 Meyi 2024 kulandela ukuqhudelana kwenzeke komasipala bezindawo abangaphansi kweSifunda. Empeleni le midlalo isuke iqala ezingeni lama-Ward, yedlule komasipala bezindawo kuze kuyoba eyeSifunda. Amaqembu aqeda endaweni yokuqala neyesibili komasipala bezindawo yiwo adlulela kwi-Mayoral Cup yeSifunda.

Lindela ukufunda kabanzi ngazo zonke lezi zihloko ezibalwe ngenhla. Kungaba yiphutha uma ngingabongi ithimba lezokuXhumana kuMasipala weSifunda ngomsebenzi abawenzile kulolu shicilelo wokuqoqa nokubika wonke umsebenzi weSifunda.
Ngiyabonga.



**UNKS UNONTUTHUKO NGUBANE**
UMXHUMANISI KAMASIPALA NOLUNTU (PRO)

**UMNU ULINDOKUHLE CHILIZA**
OMELE I-GOVERNMENT COMMUNICATIONS AND INFORMATION SYSTEMS (GCIS) EHARRY GWALA

**UNKSZ UFEZILE MNGONYAMA**
ITHWASA KWEZOKUXHUMANA

# UMasipala uyaqhubeka nokwethula intuthuko eqondene nokuhlinzeka ngamanzi emphakathini

Ngibingelela zonke izakhamuzi zaseHarry Gwala District

### Amazwi okusonga unyaka wezimali

MHLA ka-30 Juni 2024 size sivala unyaka wezimali ka-2023/2024. Kuyinto emqoka-ke ukuthi njengesigaba sikahulumeni esethweswe umsebenzi wokuletha amanzi nenhlanzeko esifundeni sikhuthaze bonke abantu komasipala abakhele lesi Sifunda esithuthuthukayo ukuba basinge emuva ngomsebenzi osuwenziwe ngokwezidingo zabantu.

Kuyavezwa konke lokhu kulolu shicilelo oludidiyelwe ukubeka isithombe salo nyaka esiwuphothulayo. Ukusebenza kwethu sikwenze ngokubuka ngeso elibanzi ekutheni kuwufukula kanjani umphakathi esiwusebenzelayo. Lo mphakathi engiwushoyo, siyazi sonke ukuthi wakhelwe kakhulu izindawo zasemakhaya. Sizokhumbula ukuthi iSifunda sethu sesithathe elikhulu igxathu ekusukumeleni ukulethwa kwamanzi ngoba lokhu kuyilungelo elimqoka labantu, kuhambisana nokugcina inhlanzeko kubo bonke ezindaweni zethu.

UMasipala weSifunda sethu sewethule futhi uyaqhubeka nokwethula ama-phrojekthi aqondene nomsebenzi wethu. Asisabheki emuva ekuqinisekiseni ukuthi umuzi nomuzi eSifundeni unamanzi aphephile ukuthi aphuzwe nenhlanzeko efanele.

### Ukwamukelwa kweSabelomali sika-2024/2025

ISabelomali saseHarry Gwala District Municipality sika-2024/2025 sethulwe emhlanganweni woMkhandlu muva nje. Kuyintokozo kimi ukubikela izakhamuzi ngokuthi isabelomali samukelwa ngo-elethu. Lena yinkomba yokuthi ubuholi eSifundeni busemgudwini oyiwo njengoba uhlelo lwesabelomali luvunywe yibo bonke ukuze sihlale amagqozo ekubhekaneni nezinselelo nezidingo ezethulwe yimiphakathi ngesikhathi sezimbizo.

Ngesikhathi sethula isabelomali ukuze samukelwe ngakuveza ukuthi izinyathelo esadlula kuzo zazihlukile ngokuthi besigubha iminyaka engu-30 iNingizimu Afrika ingaphansi kwentando



UMhlonishwa, uMeya uKhansela uZ.D Nxumalo

**UMasipala weSifunda sethu sewethule futhi uyaqhubeka nokwethula ama-phrojekthi aqondene nomsebenzi wethu. Asisabheki emuva ekuqinisekiseni ukuthi umuzi nomuzi eSifundeni unamanzi aphephile ukuthi aphuzwe nenhlanzeko efanele.**

yabantu. Ngaphinde ngathi injongo enkulu kule minyaka engu-30 edlule bekungeyokubuyisa ubulungiswa emphakathini nakwezomnotho. Ngale ndlela sizokwazi ukubhekana ngqo nokungalingani

okuluphawu lobandlululo nokuphucwa okungokwethu, obekwenziwa isabelomali sethu kusukela ngo-1994. Kusukela lapho besigxile ekusimamiseni umnotho okhulayo ukuze kuvaleke igebe phakathi kwabampofu nabadla izambane likapondo, okuyizibazi ezashiywa yinqubo yengcindezelo.

Kumele ngikugcizelele ukuthi i-Harry Gwala District Municipality ingezinye zezifunda esifundazweni ezibhekene nezinselelo zokulungisa umonakalo owadalwa imuva lethu. Sihlose ukuphucula ukulethwa kwezidingo ukuze abantu bephile esimweni esibanika isithunzi. Njengobuholi senze isibopho kubantu base-Harry Gwala ngokuthi sizoqhubeka silethe izidingo kangcono, ngokushesha nangobuhlakani ukuze sakhe umasipala ogxile ekwenzeni.

Ngokulandela le migomo, uMasipala usukwazile ukwethula izinhlelo ezizoqeda nya izinselelo ezintathu zobubha, ukushoda kwemisebenzi nokungalingani. Yize sibhekene nezingqinamba, siyazi ukuthi sinawo amava adingekayo. Sinezakhamuzi ezingapheli amandla, izwe lethu lizinikele ngokuphelele ekwenzeni ngcono impilo. Isabelomali sika-2024/2025 sakhelwe ukuthi seseke lokhu kuzinikela kwabantu futhi sihlose ukulungisa izidingo ezimqoka sibe simisa izinsika zokuthuthuka nempumelelo yangomuso.



## Unyaka omusha wezimali, senyusa isivinini sokulethwa kwezidingo

Unyaka omusha wezimali uzoqala ngomhla ka-1 Julayi 2024, nezinselelo okusamele sidlule kuzo ukuze siqinisekise ukuthi ziqala ngokushesha nangamandla izinhlelo ezinkulu eSifundeni. Kuningi esibhekene nakho kuMasipala weSifunda iHarry Gwala okukhona ukuphakelwa kwamanzi nenhlanzeko. Kulezi zinselelo singabala lokhu:

- Ingqalasizinda esigugile: UMasipala ushukana nalezi zinkinga eziyimigoqo ekulethweni kwezidingo ngendlela.
- Ukucekelwa phansu kwempahla: Kuhlala kuhlale kube nezigameko zokulinyazwa kwengqalasizinda yamanzi nezenhlanzeko okwenza kube lukhuni ukusebenza kudale nezindleko ezingalawuleki kuMasipala.
- Ukuphakelwa kwamanzi okungenele: Ingqalasizinda ayinawo umthamo owanele ongakwazi ukumumatha amanzi azofinyelela kuzo zonke izidingo ezikhulayo zomphakathi. Lokhu kuphazamisa ukufika kwamanzi kubantu. Nokho le nkinga iyalungiswa ngamaphrojekthi afana neyaseMqumeni, Summerfield, Creighton, Bulwer Dam (elisahlelwa) nedamu iKempsdale.
- Izinkinga ezindala: Lokhu kudalwa izinsiza ezinganele zokuphakela amanzi nenzenhlanzeko ngale kokuphazamiseka.
- Ukungakhokhwa kwezikweletu: Sinenselelo yabantu abangenamndlandla wokukokhela amanzi nezidingo zenhlanzeko abakusebenzisayo, ikakhulu labo abaswele.

## Ukwenyuka kwemali

Amanzi nezenhlanzeko kulindeleke kwenyuke ngo-9% ngenxa yesimo somnotho kuMasipala eSifundeni iHarry Gwala kulo nyaka ozayo. Kuyintokozo kimi nokho ukuthi lukhona uhlelo lukashwele kubahlali eSifundeni futhi ngikhuthaza abantu ukuthi bangeliyeki leli thuba.

Lokhu kunika ithuba labo abanezikweletu zeminyaka ukuthi bazikhokhe bese bethola isaphulelo. Ngikhuthaza abantu ukuba bakhokhele izidingo. Ukukhokhela izidingo akukhona ukuthi wenzela imanje kodwa uqinisekisa nokuthi izizukulwane ziyofica lezi zidingo zisebenza nangomuso.

Ukuqinisekisa ubulungiswa neqiniso ezikweletini, sesibeke eceleni imali yokufaka amamitha amasha ukuze wonke umuntu akhokhele akusebenzisile.

## ISabelomali sonyaka ka-2024/2025

Egameni lekomidi eliphezulu loMkhandlu, nginethulela isabelomali sika-2024/2025 sika-R935.5 million. Simi kanje:

- Izibonelelo zikahulumeni nokuxhaswa – Eyesikhwama: R318m
- Izibonelelo zikahulumeni nokuxhaswa – Eyokusebenza: R512m
- Imali engenayo: R104m

Lesi sabelomali siyinkomba yokuzinikela kwethu kubantu base-Harry Gwala District Municipality. Umkhombandlela wenqubekelaphambili owenzelwe ukubhekana nezinselelo ube wendlala ifawundeshi yekusasa eliqhakazile. Ngenza inhlabamkhosi kwesibambisene nabo, izakhamuzi, amabhizinisi nabaholi bomphakathi ukuthi babe nathi kulolu hambo. Ngokubambisana singashintsha lo Masipala ube luphawu lwentuthuko nethemba.

Asishaye isixaxa kanye kanye siyongena ekusaseni eliqhakazile le-Harry Gwala District Municipality.

Ngiyabonga.

AMAZWI KAMENENJA KAMASIPALA

# Ayikho into ebaluleke ukwedlula ukuzibandakanya kwezakhamuzi ezindabeni zokulethwa kwezidingo embusweni wentando yabantu



**UMnu uGamakulu Ma-Art Sineke**
IMenenja kaMasipala

KUYINTOKOZO kimi ukuphinde ngixhumane nani kule nkundla lapho seneka khona yonke imisebenzi nezinhlelo nezindaba zokulethwa kwezidingo kubantu ngaphansi kukaMasipala weSifunda sethu.

**Ukubuyekezwa kwe-IDP nemibono ngeSabelomali**

Ayikho into ebaluleke ukwedlula ukuzibandakanya kwezakhamuzi ezindabeni zokulethwa kwezidingo embusweni wentando yabantu. Ukuba nezwi kwabantu yiyona ndlela yokugxilisa le nqubo yentando yabantu futhi ikhuthaza umoya wokuzwana nokuvumelana phakathi kukahulumeni nabantu, ikakhulu ekulethweni kwezidingo ngendlela eyiyo.

Lona ngumlayezo obuphethwe uMasipala weSifunda iHarry Gwala ngesikhathi uhambele omasipala bezindawo abangaphansi kwawo, lapho bekudingidwa uhlaka lohlelo lwentuthuko edidiyelwe (Intergrated Development Plan) neSabelomali.

Ngokomthetho i-Municipal Systems Act: Chapter 4, uMasipala kudingeka uxhumane nabantu ekuhlanganisweni kohlelo lwe-IDP. Yilo lolu hlelo olucaba indlela yesakhiwo seSabelomali njengohlelo-ngqangi lukaMasipala.

Yingakho-ke unyaka nonyaka uMasipala wethu ukhuthaza ukuba abantu basondele babe yingxenye yezinhlelo zawo, okubalwa kuzo i-IDP nokuhlelwa kwesabelomali ukuze izidingo ezilungiswayo kube yilezo ezibekwa eqhulwini yiwo umphakathi.

Ayikho impikiswano ekutheni izakhamuzi yizo ezineqhaza elikhulu kuMasipala ngoba esikwenzayo kuthinta zona ngqo. Izidingo-ke kuba yilokho esisuke sikutshelwe yibo abantu ukuba sikwenze.

Kumqoka-ke ukuthi uma sithi abantu ababe nezwi kwesikwenzayo kungabi ukugcina icala nje kodwa kufane nomhlangano waminyaka yonke lapho abantu besahlulela ngalokho okuyizimfuno zabo.

Ngiyabakhuthaza kakhulu abantu ukuba balisebenzise leli thuba babe yingxenye yeZimbizo ze-IDP neSabelomali ngoba lesi yisithangami esibalwa nezimqoka lapho bekwazi ukudingida mazinyo nobuholi bukamasipala ukuze bacaciseleke ngezindaba zentuthuko.

**Uhlelongqangi lukaMasipala weSifunda iHarry Gwala**

Noma ngabe ukubuka ngaliphi iso lokhu, kuhle ukuhlola nokuqonda izidingo zomphakathi ukuze kuhlakuleke ukhula olungaba sendleleni yokulethwa kwezidingo zabantu. Kungalesi sizathu iHarry Gwala District Municipality yaba nomhlangano wokuhlela owawuhlanganisa ubuholi, uphiko lwezikhulu kuMasipala nesibambisene nabo emsebenzini womphakathi.

Inguyazana yohlelo-ngqangi ilekelela inhlangano noma isikhungo ukuthi sikwazi ukuzibekela imigomo nezinhloso ngabafisa ukukwenza. Kunjalo nje lezi zinguyazana ziyasiza ukucaba indlela enizoyithatha ukuze kube nesivumelwano esisodwa ngokuthi igxalaba lizofakwa kuphi nakuphi.

Lapha kuMasipala wethu konke lokhu kwenziwa ngenhloso eyodwa: Ukwenza ngcono impilo yezakhamuzi zethu. Konke lokhu, uma ukuhlanganisa nemibono yabantu ngesikhathi sezimbizo ze-IDP nohlelo lweSabelomali, kusinika uhlaka lokusebenza ukuze uMasipala ungabe usaqagela, usebenze zisuka amadaka uma kuqala unyaka wezimali ka-2024/2025 oqala mhla ka-1 Julayi 2024.


Ngala mazwi, ngiyaninxusa ukuba nilufundisise lolu shicilelo lwe-HDM Magazine ukuze nihlale nazi ukuthi uMasipala wenu wenzani. Kuningi osekwenziwe esingekwazi ukukuveza konke lapha. Uma ufisa ukuzithola zishisa ezinye, shona emakhasini ethu ezinkundla zokuxhumana.

Ngiyabonga kakhulu!

## ABAQONDISI ABAPHEZULU



**UMNU UKHULANI MTHEMBENI BRIAN MZIMELA**
ISikhulu Esiphezulu Sezezimali



**UNKS UNTOMBIFUTHI NOMVUSELELO FORTUNATE BUTHELEZI**
Ezenhlalakahle Nezokuhlela Intuthuko



**UMNU UNKULULEKO BIYASE**
Izinsizakalo Zengqalasizinda



**UNKK UTHOBILE THELMA MATHIYANE MAGAQA**
Ezabasebenzi



**MR. LINDUMUSA GWALA**
Izinsizakalo Zamanzi

# IZINSELELO EZICEKELA PHANSI UKUPHAKELWA KWAMANZI OKUNGAPHAZAMISEKI NEZIDINGO ZENHLANZEKO KUMASIPALA WESIFUNDA I-HARRY GWALA

UMASIPALA weSifunda iHarry Gwala ungomunye wabalawuli bamanzi abangu-144 (WSAs) abanegunya lokuphakela amanzi nezenhlanzeko. Izinhlaka ezaziwa ngama-Water Services Authority zinesibopho sokuqinisekisa ukuthi abantu bakuleli - ngokwe-Harry Gwala District Municipality izakhamuzi zalapha - bayawathola amanzi nezidingo zenhlanzeko okusezingeni elifanele ngemigomo yoMnyango wezaManzi nezeNhlanzeko.

Ukulethwa kwamanzi nenhlanzeko kubantu kudinga ingqalasizinda yakhona. Ngaleyo ndlela kuhle ukuqonda izinto ezingabuyisela emuva uMasipala weSifunda iHarry Gwala ezinjongweni zawo zokuletha amanzi ahlanzekile nenhlanzeko esezingeni kubantu.

Ziningi izinselelo uMasipala wethu obhekene nazo ekuletheni amanzi nezokuhlanzeka, kanti kubalwa lezi kuzo:

**Ukuguga kwengqalasizinda:** Inkulu le nkinga kuMasipala wethu, futhi ziba umgoqo ovimba ukulethwa kwalezi zidingo ezimqoka.

**Ukucekelwa phansi kwengqalasizinda:** Ukulinyazwa kwezakhiwo zokusiza ukulethwa kwamanzi kusibuyisela emuva, kuphinde kulimaze nesikhwama sezimali kuMasipala.

**Amanzi angumthamo angenele:** Uma ingqalasizinda yethu yehluleka ukumumatha umthamo owanele ukuletha amanzi kubantu, futhi nesibalo sabantu sikhula kwenza ukuphakelwa kwamanzi kuphazamiseke.

**Amanzi angangenisi nzuzo:** Lapha kunendlela yokubala okukhona kuyo ukumosheka kwawo ngamapayipi avuzayo nokuchitheka okwenzeka ngezigameko ezingahleliwe.

**Ukulungiswa kwengqalasizinda:** Izinselelo ezimayelana nokulungiswa kwengqalasizinda yamanzi nezenhlanzeko zidinga ukusukunyelwa masinyane ukuze kungaphazamiseki ukuhamba kwamanzi nokubonakala kwezinkinga kusekuhle. Kodwa ziba khona izinkinga zemali ezidala ukubambezeleka kwezinto.

**Ukuphakelwa kwamanzi nezinga lezenhlanzeko:** UMasipala wenza okusemandleni ukuphucula izingabunjalo lamanzi nezenhlanzeko ukuze abantu bangabhekani nezinkinga zezempilo ngamanzi abawatholayo.

**Inhlanzeko jikelele:** Baningi abantu abangakabi nawo amanzi ahlanzekile nengqalasizinda efanele.



Lokhu kuthunaza isithunzi somphakathi.

**Amanzi asesebenzile nokuphepha kwemvelo:** Izinkinga ezimayelana namanzi angcolile ziyasukunyelwa uMasipala ukuze kuvikeleke imvelo, ikakhulu amanzi.

**Ukulawulwa kwenyubathi:** Kuyaba khona izingqinamba ekulawulweni kwendle ekusebenzeni kwe-WSA. Isibonelo nje ukuthi alukho uhlelo olucacile lokukhuculula amalavathi emigodi ngenxa yokushoda kwezinsiza.

**Ukulandela Imigomo:** Ukuqinisekisa lokhu kungumsebenzi onzima futhi kudinga ukucophelela ukugwema abangakuthathela izinyathelo zomthetho.

**Ukusalela emuva kwezinhlelo:** Lokhu kudalwa ukungabi khona kwezimali ezanele ukuqinisekisa ukuthi izinhlelo aziphazamiseki.

**Ukungaqoqeki kahle kwezikweletu:** Kuyaba khona ukungakhuthali kwabantu ukukhokhela izikweletu zamanzi, nokuthi iningi lezakhamuzi zeswele kazinawo amandla okukhokha.

**Ukuguquguquka kwesimo sezulu:** Amanzi aayashoda kakhulu ezweni ngenxa yesimo sezulu esinesankahlu nesishintsha njalo. Ngaleyo ndlela izwe lincike kakhulu emanzini emifula namadamu. Amadamu esinawo abhekene nenkinga yokwehlelwa amanzi okudala ukukhathazeka uma sekunesomiso.

Ngenxa yalezi zinselelo, kumqoka ukuba sibe namasu anobuhlakani nezindlela zokudlula kulezi zinkinga. Lokhu kusho ukuthi kumele kube nokubambisana phakathi kwabantu abasebenzisa amanzi noMasipala, ukwabiwa kwamanzi nokubekwa kwemigomo yezamanzi nenhlanzeko ezokwenza ukuba wonke athole lezi zidingo zibe zisezingeni elifanele ukuze ilungelo labantu elikuMthethosisekelo livikeleke.

# Imbizo yabatshali-zimali eHarry Gwala




**I-Harry Gwala Investment Summit yesiBili ebibanjelwe eSani Pass, e-Underberg, ngenhloso yokuheha abatshalizimali.**

IMeya yethula inkulumo engqungqutheleni yesi-2 yaseHarry Gwala Investment:

NAMUKELEKILE kule mbizo yesibili eSifundeni iHarry Gwala, i-2nd Harry Harry Gwala Investment Summit. Ukuba khona kwenu lapha kusho lukhulu kithi njengeSifunda iHarry Gwala nomndeni waso womasipala. Kuveza ukuthi indawo yethu ikulungele ukukhulisa umnotho nokutshalwa kwezimali.

Nginamukela eSifundeni esiqanjwe ngeqhawe lomzabalazo uHarry Gwala, okunanamuhla uyisibani kithi. Ngithatha-ke leli thuba ukubalula amagxathu esesiwahambile njengezwe ekulweni nezinselelo esibhekene nazo.

Yize isimo somnotho singesihle ezweni nasemhlabeni, kumqoka kithi ukwazi ukuthi ukubambisana kuphela okungaholela emiphumeleni yokukhulisa umnotho kulesi Sifunda.

Imbizo yanonyaka iqondana nokugubha kwezwe iminyaka engama-30 yentando yabantu futhi kunokhetho kuwo lo nyaka.

Njengoba sivota mhla ka-29 Meyi 2024, lokho kungubufakazi bokuthi intando yabantu isabusa futhi sizoqhuba le ndlela yokuphathwa kwezwe singabe sisabuyela emuva lapho kwakubusa ingcindezelo nobandlululo.

Inhlosongqangi ye-Investment Summit (ukuze kungabi nokudideka) ukuqinisekisa ukuthi amabhizinisi akhona ayaqhubeka nokusebenza lapha bese siheha futhi abatshali-zimali abasha emnotho weSifunda.

Njengobuholi ezingeni lepolitiki eSifundeni, siliqonda kahle iqhaza lethu lokwenza isimo sibe ngesifanele sokukhulisa amabhizinisi. Nazi ezinye zezinto esesizenzile:-

- Senze isiqiniseko sokuthi uphiko lwe-Harry Gwala Development Agency ngaphansi kobuholi bukaSihlalo uNksz Dlungwane noyisikhulu esiphezulu, uNksz Whyte, luyasebenza. Kule minyaka engu-12 selokhu lolu Phiko lwasungulwa, kungaphansi kwalobu buholi lapho siqale sabona izithelo. Ubufakazi balokhu ukuthi uMnyango ka-COGTA uncome uMasipala weSifunda i-Harry Gwala njengowesibili komasipala abasebenza kahle esifundazweni.
- Ukubambisana sekukhiqize okuhle njenge-Harry Gwala One Stop Shop, i-Harry Gwala TecnoHub esiza kakhulu ukucija intsha kwezobuchwepheshe.
- Amaqhinga entuthuko nokukhula: Singaba uhlelo lokuvikelwa nokukhuliswa kwamabhizinisi (Business Retention and Expansion), Ukuvuselelwa komnotho emalokishini nezinhlelo ze-Green Economy ezikhuthaza intuthuko yomnotho engalimazi imvelo. Ukwamukelwa nokuvunyelwa kwalezi zinhlelo sekusiqinisekisa ngokuthi ama-phrojekthi amakhulu azokwenzeka ngale kwezihibe.

# UMHLANGANO I-OPEN COUNCIL



UMhlonishwa iMeya, uKhansela ZD Nxumalo.




IManenja kaMasipala, uMnuz Mr GM Sineke, uSomlomo uKhansela MSD Mdunge neMeya yeSifunda uKhansela ZD Nxumalo.

ISABELOMALI sonyaka ka-20224/25 kuMasipala weSifunda iHarry Gwala sisanda kwethulwa ngale kokuphikiswa muva nje. Lokhu kube luphawu lokuthi isabelomali siyisibuko sezidingo-ngqangi eziphakanyiswe umphakathi ngesikhathi somkhankaso wezimbizo okuyizo uhlelo lwemali olwakhelwe phezu kwazo.

Umcimbi ohloniphekile wokwemukelwa kwesabelomali ububanjelwe e-Peace Initiative Hall, eXobho, kanti ubuthanyelwe amalungu omphakathi, izinhlaka okubanjiswene nazo, iziMeya, amakhansela nezikhulu zikahulumeni, amakhosi nezinye izicukuthwane eSifundeni iHarry Gwala.

Lena bekuyindlela yokubikela umphakathi ngesikwenzile ngesabelomali esidala kumasipala, nanokuthi siveze amazwibela ohlelo lwesabelomali ngokwezidingo zabantu.

Izinhlaka ezibambisene noMasipala nezinhlangano zikahulumeni zenza izethulo ngaphambi kwenkulumo yosuku yeMeya yeSifunda uKhansela ZD Nxumalo. Esethula isabelomali, uKhansela Nxumalo akachithanga sikhathi wangena emnkantsheni wendaba.

"Lesi sabelomali simele umbono wethu obumbene ngokuzinikela ekuletheni impilo engcono kwizakhamuzi, kanjalo nokusopha intuthuko engaphazamiseki," kusho iMeya.

UZwide uphinde wengeza ngokuthi izinyathelo okudlulwe kuzo ngaphambi kokuphothulwa kohlelo lwesabelomali bezehlukile ngenxa yokuthi lona unyaka wokugubha iminyaka engu-30 iNingizimu Afrika iqhuba ngentando yabantu.

"Injongo enkulu kule minyaka engu-30 edlule bekungukubuyisa uzinzo kwezenhlalakahle nobulungiswa emnothweni wezwe, siphinde sibhekane ngqo ukungalingani okwabe kuluphawu lwenqubo yobandlululo nokuphucwa okungokwethu," kusho uKhansela Nxumalo.

Uthe izabelomali ebezethulwa kusukela ngo-1994 bekungezokuqinisekisa ukukhula komnotho ukuze kunciphe igebe kwabampofu nabadla kahle nokweswela okuyizibazi kubantu nokuthunaza isethembiso sentando yabantu.

"Ngokwezibalo zika-2022, isibalo sabantu eHarry Gwala senyukela ku-532 000 sisuka ku-461 000 ngo-2016. Phezu kokuthi isibalo sabantu silokhu sikhuphuke njalo eSifundeni sethu, uhulumeni usakwazile ukwenza inqubomgomo nezinhlelo zokusiza ngemfanelo ukuze izidingo ezimqoka zifinyelele kubantu kulesi sifunda," kucacisa uMeya uNxumalo.

Uphinde wengeza ngokuthi selokhu kwaqala ukusebenza kwentando yabantu ngo-1994, kuyabonakala ubungcono besimo ekuphileni kwabantu. "Ukulethwa kwezinsiza eziyisidingo emizini yabantu kukhombisa ukuba sezingeni elingcono kunakuqala, ngokusho kjwe-Census 2022," usho kanje uZwide.

Ubale ukukhuphuka kwesibalo sabantu asebenamathoyilethi "ashayekayo" naxhumene nokuthuthwa kwendle obese kuku-4 wamaphesenti ngo-2022. Kube esifanayo nangokufakelwa kwamapayipi okuphakela amanzi okwenyukele ku-49%.

Ukuhlela isabelomali kuba yizinto umasipala othi uma uzibheka ubone ziyisidingo ube ubeke elinye iso ekutheni izimali ezikhona zimi kanjani, kodwa okukhulu ukuthi impilo yabantu ibe ngcono.

UMasipala weSifunda iHarry Gwala ungomunye wezifunda eziyishumi esifundazweni ezibhekene nezinselelo kwentuthuko emiphakathini nokulungiswa komonakalo owadaleka ngaphansi kombuso wakudala. Inhloso kamasipala ukwenza ngcono umsebenzi wokusondeza izidingo zabantu kubantu ukuze baphume ebugqilini benhlupheko.

Ubuholi bukamasipala buzinikele ekusebenzeleni umphakathi wase-Harry Gwala ngokusheshisa ukulethwa kwezidingo, ngendlela engcono nenobuhlakani ukuze kwakheke umasipala ogxile ekusebenzeleni abantu.




**Abaphathi kuMasipala, izikhulu nezithunywa emhlanganweni i-Harry Gwala District Municipality Open Council 2024.**

Yilezi zibopho umasipala asebenzela phezu kwazo njengoba esekwazile ukwethula uhide lwezinhlelo zentuthuko ezigxile ekuqedeni ububha, ukugqoza kwemisebenzi nokuvala igebe kwabadla izambane likapondo nabaswele.

Yize iHarry Gwala ingumasipala osendaweni esemakhaya, kusho uMeya, ibhekene nezingqinamba ezehlukile kodwa futhi kuningi okuhle ngawo.

"Mhlonishwa, Somlomo, sanikwa ithuba lokuhola iSifunda, sibhala kabusha umlando. Salithatha ijoka saklama indima sangabe sisama futhi kuningi esesikufezile. Silapha-ke ukuzobuka indlela esesiyihambile nezinselelo esedlule kuzo ngonyaka wezimali ka-2023/2024 ukuze siqale indima yezinhlelo ezintsha sihlabele phambili. Iqiniso lithi ziningi izinkinga ezisendleleni kaMasipala wethu njengoba silwela ukuletha amanzi nenhlanzeko," kusho iMeya yengeza ngokubala inselelo yengqalasizinda endala, ukucekelwa phansi kwayo, ukushoda kwamanzi aphakelwa uMasipala nokusalela emuva kwentuthuko kanye nokungakhokhwa kwezikweletu.

IMeya iqhubeke yabala osekwenziwe uMasipala weSifunda nokudinga ukuqalwa ngakho onyakeni wezimali ka-2024/2025.

"Kuningi osekwenziwe eminyakeni edlule. Ukubala nje okumbalwa, zingaphezulu kuka-25 izinhlelo zokulungiswa kwengqalasizinda yamanzi eziqediwe njengase-Tarrs Valley, eHostela, eMcweba, eMhlabashane, eNtabane, eSpringvale, eNyanisweni nezinye.

"Ukusebenza kwalezi zinhlelo kulekelela imiphakathi ukuthi ithole amanzi athe xaxa. UMasipala wethu usebenzisana nabakwa-COGTA usukwazile ukwenza izinhlelo zokudonsa amanzi phansi ezingu-180, ezingu-20 zazo sisizwa u-COGTA. Izinhlelo zamanzi zizolungiswa ngo-R36 million onyakeni omusha wezimali. Lapha sibala izinhlelo Kwanjunga, Raloti, eNazareth, eMfulamhle, eBhayi, kwaGudlicingo nezinye," usho kanje.

"Somlomo, ngivumele ngibale amaphrojekthi ambalwa esihlela ukuwakha ngo-2024/2025 azohlomulisa umphakathi wase-Harry Gwala kusetshenziswa isibonelelo se-Municipal Infrastructure Grant kulungiswa ipayipi eliya oBhongweni naseShayamoya," kuchaza uKhansela Nxumalo.

**Amanye amaphrojekthi asohlelweni njengoba unyaka wezimali omusha uqala ngo-1 Julayi 2024 yilawa:**

| DESCRIPTION | ISABELOMALI |
|---|---|
| KEMPSDALE RAISING PROJECT DAMS & WEIRS | R50 827 372 |
| MNQUMENI / SANTOMBE WATER PHASE 4 DAMS & WEIR | R16 326 776 |
| CREIGHTON WATER SUPPLY_PIPES | R39 133 322 |
| GREATER SUMMERFIELD WTR SUPPLY PIPELINE | R44 767 665 |
| KWAMAY-THEEKLOOF WATER S_PIPELINE | R2 000 000 |
| MAHEHLE WATER SCHEME | R13 340 433 |
| KHUKHULELA WATER SUPPLY_PIPES | R21 392 335 |

| DESCRIPTION | ISABELOMALI |
|---|---|
| MAHHAGU SANITATION PROJECT | R18 486 211 |
| UNDERBERG-HIMEVILLE SEWER UPGRADE | R1 500 000 |
| UMZIMKHULU UPGRADE PHASE 2 SEWER PIPES/MBIZWENI | R4 499 395 |
| UNIVERSAL SANITATION TOILET FACILITIES | R3 850 000 |

**Isabelomali simi kanje:**

- Isibonelelo sikahukumeni noxhaso – Isikhwama R318m
- Isibonelelo sikahukumeni noxhaso – Imali yokusebenza R512m
- Imali engenayo R104m

**Yabiwe kanje:**

- Isabelo sokusebenza R 695,4m
- Isikhwama R 322m

**Imali engenayo iza ngalezi zindlela:-**

| ISIBONELO SIKAZWELONKE | 2024/25 | 2025/26 | 2026/27 |
|---|---|---|---|
| ISABELO NGOKWEZITHEBE | R491 837 000 | R519 538 000 | R547 904 000 |
| ISIBONELELO I-MUNICIPAL INFR GRANT | R230 622 000 | R242 423 000 | R264 386 000 |
| ISIBONELELO SENGQALASIZINDA YEMIGWAQO YASEMAKHAYA | R2 498 000 | R2 610 000 | R2 730 000 |
| ISIBONELELO SEZEZIMALI | R1 200 000 | R1 300 000 | R1 400 000 |
| EYOHLELO LWE-EXPANDED PUBLIC WORKS PROGRAMME | R4 460 000 | | |
| ISIBONELELO ESIQONDENE NAMANZI | R100 000 000 | R100 000 000 | R115 000 000 |
| ISAMBA SESISONKE | R 830 617 000 | R865 871 000 | R931 420 000 |














# Kuyisibusiso eKokstad ukuthuthukiswa kwedamu iKempsdale



**UNgqongqoshe wezaManzi neNhlanzeko, uMnuz Senzo Mchunu neMeya ZD Nxumalo bezohlola umsebenzi e-Kempsdale Dam e-Kokstad.**

UTHI ncinci kaMdoli uNgqongqoshe wezeNhlanzeko naManzi, uSenzo Mchunu, ngemuva kokuqala kokwenyuswa kodonga lwedamu i-Kempsdale lusuka kumamitha amane kuya kwangu-7.8.

Phela lokhu kukhuliswa komthamo wamanzi angakahluzwa kuleli damu kuchaza ukuthi inkinga yokushoda kwamanzi kuMasipala weNdawo iGreater Kokstad izoba umlando uma sekuphele ukwakhiwa kobonda oluthe ukuba lude.

UNgqongqoshe uMchunu uphinde wagcizelela ukuzinikela kukahulumeni ekuphuthumiseni izinhlelo ezenza umehluko empilweni yabantu, ikakhulu lezo ezithinta ukuphakelwa kwamanzi anele nokungaphazamiseki. Amanzi angesinye sezidingo ezimqoka kakhulu ekuqinisekiseni ukuthi amalungelo abantu akuMthethosisekelo avikelekile.

UMacingwana ubehambele eKostad, ngaphansi kukaMasipala weSifunda iHarry Gwala, ngoMashi 8, 2024, lapho ephendule khona isoyi waphinde wethula inkontileka ezokwenza lo msebenzi ehambisana noMeya weSifunda uKhansela Zamo Nxumalo. Phakathi kwezinye iziphathimandla ebizoba ofakazi kwethulwa lolu hlelo bekukhona uKhansela Lwanda Madikizela oyiMeya yaseGreater Kokstad, abaholi bomdabu nezikhulu zikaMasipala.



Lo msebenzi uzodla R160 million ukuwuphothula kanti kulindeleke ukuthi uthathe iminyaka emithathu. Idamu elisha lizomumatha amanzi ngale kokuphazamiseka kuze kushaye u-2040. Izindawo ezizohlomula kakhulu ngomthamo othe xaxa wamanzi idolobha iKostad, ,ijele i-C Max, indawo yaseShayamoya nasoBhongweni.

Ukukhula kwedamu iKempsdale kuzoholela ekwakhiweni kwesiphehli samanzi esisha lapho kuhlanzwa khona amanzi alinganiselwa ku-18 megalitres ngosuku eKokstad Water Treatment Works.

Izibalo ziveza ukuthi kumanje iKokstad



**Ukuphendulwa kwesoyi kuzogxunyekwa izinsika eKempsdale Dam.**

isebenzisa amanzi angu-10.35Ml ngosuku lapho kuhlomula khona ama-Ward ayishiyagalombili. Ngokqwezinhlelo kuyoshaya u-2030 isidingo samanzi kule sesenyukele ku-14.45 Ml ngosuku. Lo msebenzi uholwa uMnyango kazwelonke, oMasipala abathintekayo ngokubambisana nabalimi bendawo abamabhizinisi nezakhamuzi.

Bephawula kwethulwa lolu hlelo, uNgqongqoshe uMchunu noMeya uNxumalo baveze ukuthi uma seluphothuliwe uhlelo lo mthamo wedamu uzogcina amanzi azokwanelisa zonke izidingo zabantu baseKokstad.

"Lokhu okwenzeke sihambele eKempsdale kuveza ukusebenza kweSifunda ngokwesekwa yithi, luzokhuphuka kakhulu udonga lwedamu kodwa okusobala ukuthi ukuphakelwa kwamanzi eKokstad kuhamba kahle kakhulu," kusho uNgqongqoshe uMchunu.

UMeya weSifunda uhambe emazwini kaMacingwana, wakusho ngale kokungabaza ukuthi ukuphazamiseka kwamanzi kuzoba umlando ngemuva kokuqedwa kodonga oselukhushuliwe nokwakhiwa kwesiphehli.

Le phrojekthi kuhloswe ngayo ukuqedwa kwezinkinga zamanzi kuMasipala iGreater Kokstad eminyakeni engu-50 kuya kwengu-100 ezayo. Nokho konke lokhu kuncike entuthukweni ezokwenzeka kule ndawo esikhathini esizayo," kuphawula uMkhatshwa.

Ngemuva komcimbi wokwethulwa kohlelo lwedamu i-Kempsdale, uNgqongqoshe uMchunu noKhansela uNxumalo baba nezigcawu nabathintekayo nomphakathi wase-Kokstad ukuzwa imibono yabo ngesimo samanzi jikelele endaweni. Amalungu omphakathi anikwa ithuba lokuveza okubakhathazayo odabe lwamanzi nenhlanzeko eKokstad. Iningi lemibono lalithinta



ukunqamuka nokushoda kwamanzi aphakelwa emakhaya okwenza abantu behlukumezeke emakhaya.

UNgqongqoshe wavuma ukuthi zikhona izinselelo kodwa waqiniseka abantu ukuthi kuyisifiso sikahulumeni ukuqeda lezi zinkinga ngokusebenza mawala ekuletheni izidingongqangi. Wathembisa ukuthi siyeza isikhathi lapho lezi zingqinamba ziyophela nya.

Ukufika kukaNgqongqoshe wezaManzi kwenzeke ngesikhathi izwe ligubha inyanga yamanzi, uMashi. Ingqikithi yanonyaka ithi "Sisebenzisa ukudala ukuthula" okungumlayezo okhuthaza imiphakathi ukuba ibambisane ekusebenziseni amanzi esikhundleni semibango.

Phakathi kwezinye, inhloso enkulu yokugujwa kwenyanga yamanzi ukugqugquzela ukongiwa kwamanzi, ukuvikela imvelo nokubhekana ngqo nezinselelo ezidala izinguquko esimweni sezulu, izikhukhula nesomiso. Lo mkhankaso wenziwa ngokubambisana nemikhakha eyahlukene okukhona kuyo uhulumeni, izimboni ezizimele, ososayensi, imiphakathi nabasembonini yamanzi.











**Emkhankasweni weBack-To-School, abakwa-SASSA noMasipala weSifunda i-Harry Gwala badlulisele umfaniswano ezinganeni zaseZimpangeni.**

IZIHLATHI zivakashele ezindlebeni kubafundi besikole Ezimpangeni abangu-54 ngesikhathi bemukeliswa inyumfomu entsha ceke inikelwa abophiko lokusabalalisa imali yezibonelelo zikahulumeni iSassa.

Lo mnikelo uyingxenye yohlelo lwe-Back To School lapho uMasipala weSifunda iHarry Gwala ubambisene nabakwa-Sassa upha izingane ezinesidingo umfaniswano. Lezi zimpahla zamukelwe uthishanhloko, othisha nabazali baseZimpangeni School esiku-Ward 9 eMzimkhulu.

Lolu hlelo alugcini ngokubuyisa isithunzi nokuzethemba kwabantwana nje, kodwa lubuyisa umfutho kubafundi nothisha. IPhini leMeya uKhansela N. Jojozi, uSomlomo uKhansela MSD Mdunge noyiMenenja yeSifunda kwaSassa nezinye izikhulu bazibonela ngokwabo injabulo eyayisebusweni babantu ngesikhathi kwenziwa lo mnikelo.

Ephawula kulo mcimbi, uKhansela N Jojozi wathi: "Lesi senzo singithinta kakhulu ngoba uma ngibheka emuva ngisakhula, yayingekho iminikelo efana nale. Akuyona ingane kuphela ehlomulayo, kodwa nabazali bathola ukwesekwa ngoba kwehlisa izindleko kubo."

UMnuz KE Mbatha wakwaSassa ugcizelele ukuthi ukulethwa komfaniswano wesikole kuyingxenye yohlelo lwabo olwaziwa nge-Social Relief Programme olugxile ekubuyiseni ukuzigqaja kubafundi.

"Sibhekene nesimo lapho izinkulungwane zezingane ezweni azinawo umfaniswano wesikole, yileli gebe uSassa ozama ukulivala," kusho uMnuz Mbatha.


Isiyonke imali esetshenziselwe umfaniswano ingane ngayinye ifinyelele ku-R2700 (intombazane ngayinye) bese kuba u-R2500 umfana.

Abazali nomphakathi batshelwe nangezinye izinhlobo zezibonelelo nosizo olutholakala kwa-Sassa. Lezi zinhlelo yizo uhulumeni afinyelela ngazo kubantu ngenhloso yokwakha umphakathi onakekelayo, kubuye isithunzi kubantwana abasuke benamahloni okungabi nomfaniswano oyiwo. Isimo siba nzima kakhulu njengoba sekudingeka ukugqoka okwengeziwe okufudumalisayo ebusika.

# ISifunda sidweba uhlelo lokuletha izinsiza nentuthuko








**Abaphathi ngesikhathi kuqhubeka umhlangano wokuhlelela unyaka.**

NOMA yisiphi isikhungo siba namasu okuhlelela ikusasa. Ukuhlanganisa izindlela zokufeza la masu, nesikhathi, kumele kwenzeke ngaphambi kokuqala kwezinhlelo, ikakhulu kohulumeni bezindawo okuyibo abaseduze kwabantu.

Yilesi sizathu esenza ubuholi bukaMasipala weSifunda iHarry Gwala nabaphathi behlanganise amakhanda ukwakha izinhlelo okuzosetshenzelwa phezu kwazo. Lo mhlangano wenzelwe ukuthi uMasipala alungiselele ikusasa lalo Mkhandlu. Le nguyazana ibigxile ekusongweni kohlelo lwesabelomali lonyaka wezimali ka-2024/2025.

Ukuqedelwa kokubuyekezwa kohlelo lwe-Intergrated Development Plan (IDP) nokulungiswa kwenqubomgomo nakho kube yingxenye yezingxoxo kulo mhlangano. Evula umhlangano, oyiMenenja kaMasipala uMnuz GM Sineke, ugcizelele ukuthi okumqoka ukuthi uMasipala uletha amanzi ahlanzekile naphuzekayo eHarry Gwala.

UMnuz Sineke uthe lona ngumsebenzi omqoka kaMasipala. Uthe ukwenza lokhu kumele kube nohlelo nesabelomali okuzoqinisekisa ukuthi












ekugcineni kuba nezithelo.

Lo mhlangano wokwakha amasu okusebenza uphinde wagxila ekubhekeni ukusebenza kwezinhlelo zamanzi, inqubekela-phambili ngokufakwa kwamamitha okukala amanzi, izindaba zokulungiswa kwengqalasizinda, izinhlelo zamaphrojekthi amakhulu kanye nokuningi okuthinta izimali.

Amakhansela ayekhona emhlanganweni nawo edingida, efaka imibono njengendlela yokuqinisekisa ukuthi wonke umuntu ubamba iqhaza. Emazwini awethula emhlanganweni, oyiMeya yeSifunda uKhansela Zamo Nxumalo, wagcizelela ukubaluleka kokuthi abaphethe bazazise izisebenzi zikaMasipala ngezinqumo ezithathwa emhlanganweni.

"Kungafana nokusebenzela emuva njengenkukhu ukuhlala la sixoxe, sithathe izinqumo okuhloswe ngazo ukuhlabela phambili kwezinhlelo zethu kodwa abantu okumele baqinisekise lokhu bangazi ukuthi yini elindelwe kubo," kusho uZwide.



**Amalungu nezithunywa esithangamini i-Harry Gwala District Municipality District Communicators Forum.**

# Alingatshazwa iqhaza lezokuxhumana kwezentuthuko

KUNGAFANA nokuthela amanzi emhlane wedada ukuqhuba izinhlelo zikahulumeni uma umphakathi ungaziswa ngazo. Kusukela ekusatshalalisweni kolwazi kuya ekuxhumaneni phakathi kwabantu nohulumeni, uma kungaziwa muntu konke kufana nokudlala ngesikhathi.

Kule minyaka engu-30 edlule ezokuxhumana zibe yithuluzi eliphambili kuhulumeni ukuvala imifantu, ukudala ukwethembana nokuqinisekisa kokufinyelela ezigidini zabantu kwemilayezo kahulumeni. Ukuqinisekisa ukuthi ukudluliselwa kolwazi kubantu kuyikho futhi kuyezwakala, kusungulwa izinhlaka zezokuxhumana ezizokwazi ukweluseka njenge-Harry Gwala District Communicators Forum.

Uhlaka i-District Communicators Forum luyindidiyela yabo bonke abeminyango yezoxhumana komasipala abangaphansi kwesifunda nabeSifunda uqobo, abesifundazwe nabakuzwelonke. Inhloso enkulu yalesi sithangami ukuhlanganisa abezokuxhumana ngaphansi kweSifunda babe mdibi munye nezokuxhumana kuhulumeni lapho kukhona wonke amazinga kahulumeni. Ngale ndlela abezokuxhumana benza lo msebenzi ngendlela eyodwa ngokubonisana ngamasu alekelela intando yabantu futhi babonisane ngezinselelo zalo mkhakha.

Mhla ka-13 Mashi 2024, iHarry Gwala District Communicators Forum ibe nomhlangano wayo wekota yokuqala onyakeni emahhovisi kaMasipala weSifunda. Le nguyazana yathanyelwa abezokuxhumana beSifunda iHarry Gwala, abaseBuhlebezwe Local Municipality, Umzimkhulu Local Municipality, abavela e-Dr Nkosazana Dlamini-Zuma Local Municipality, abe-Greater Kokstad Local

Municipality, abamele i-Independent Electoral Commission (IEC), aboMnyango wezokuXhumana, abe-Digital Technologies, abophiko lwe-Government Communications Information System (GCIS), aboMnyango weZempilo KwaZulu-Natal nabamele umbutho i-SAPS.

Uma sijeqeza emuva ohambweni lwalesi sithangami, kuba nomuzwa wokuziqhenya ngenqubekelaphambili esibe khona kuso. Amagalelo abantu ahlukene nokujula kwemibono kuthele izithelo ezinhle ekuqinisekiseni ukuthi umphakathi esiwusebenzelayo uhlala wazi ngezinhlelo zikahulumeni. Ngale kwalokho, uma benolwazi abantu bayakwazi ukuthi bazibandakanye ngendlela eyakhayo emsebenzini owenziwa uhulumeni okudala ukubambisana.

Lokhu kwenzeka ngemikhankaso ethize, nezitatimende ezithunyelwa kwabezindaba nezithangami ezifana nezimbizo nokubonisana ezinhlelweni ze-IDP

Umhlangano wangoMashi wagxila kakhulu ezinhlelweni zokhetho luka-2024 ngaphansi kukaMasipala weSifunda iHarry Gwala, uhlelo lokuxhumana lwezempilo eSifundeni, uhlelo komjaho i-Harry Gwala District Marathon nokusimamisa amakhansela kwezokuxhumana.

# IMeya igqugquzela ukubambisana kwemiphakathi namaphoyisa ekulweni nobugebengu



**Kuvulwa ngokusemthethwebni isiteshi samaPhoyisa eDonnybrook.**

EMSHIKASHIKENI wokubhekela ezokuphepha emiphakathini nokusondeza amaphoyisa kubantu, kuvulwe ngokusemthethweni isiteshi samaphoyisa saseDonnybrook sadluliselwa kubantu base-Harry Gwala District Municipality muva nje.

UKhomishana wamaPhoyisa kuzwelonke, uGeneral Fannie Masemola, iPhini lakhe uLieutenant General Tebello Mosikili nePhini likaKhomishana wesiFundazwe KwaZulu-Natal uMajor General Phumelele Makhoba babengezinye zezicukuthwane emcimbini wokuvulwa kwale shantshi yamaphoyisa.

NoMasipala beNdawo noweSifunda babemelwe, kukhona uKhansela ZD Nxumalo oyiMeya yeSifunda iHarry Gwala, uKhansela S. Msomi oyimeya e-Dr Nkosazana Dlamini-Zuma Local Municipality, namanye amakhansela.

Lesi siteshi sinalo lonke uhlobo lwezinsiza-kusebenza zesimanje okubalwa kuzo igumbi lokunakekela abayizisulu abahlukunyezwe odlameni lobulili.

Ukuvulwa kwesiteshi samaphoyisa saseDonnybrook kuwubufakazi bokuzinikela kwe-SAPS ekuvikeleni umphakathi nokuletha usizo lwezomthetho kubantu. Isiteshi sizoqinisekisa ukuthi abantu baseDonnybrook bahlala ngokuthula, bazi ukuthi kunendawo yamaphoyisa enakho konke eduzane nabo.

I-Donnybrook Police Station ese-Harry Gwala District ibhekele izigodi eziningi kanti inamaphoyisa enele nezinsiza zokulwa nobugebengu kuyo yonke le ndawo.

IMeya yeSifunda, uKhansela Zamo Nxumalo, emlayezweni wakhe wokweseka ukwethulwa kwale shantshi, unxuse amalungu omphakathi ukuthi abambisane namaphoyisa ekubambeni abaqhuba ubugebegengu endaweni. IMeya iphinde yabonga amaphoyisa ngomsebenzi omuhle nokuzinikela ekulweni nobugebengu eSifundeni.

"Sijabule kakhulu ngalesi sakhiwo esisezingeni elicokeme kangaka esizoba usizo kubantu. Le yinkomba yokuthi uhulumeni ubukhathalele ubugebengu emiphakathini yethu futhi wenza konke okusemandleni ukuqinisa ezokuphepha. Ngiyacela umphakathi ubambisane namaphoyisa emsebenzini wokunciphisa ubugebengu," kusho uMeya Nxumalo.







**Umhlangano waMakhosi nabaHoli bomdabu kubhungwa nge-Integrated Development Planning Meeting.**

# UMasipala iHarry Gwala nesithangami nabaholi bomdabu ngezinhlelo zeSifunda kunyaka-mali u-2024/2025

OMASIPALA eNingizimu Afrika kumele basebenzise i-Intergrated Development Plan (IDP) ukuhlelela izindaba zentuthuko ezindaweni zabo. Le ndlela inika izakhamuzi nalabo okubanjiswene nabo ithuba lokwethula iziphakamiso nokubamba iqhaza ekuthuthukisweni kwezindawo zabo. Iphinde inike abantu amandla okuthi izinselelo ezibhekene nabo zixazululeke ngokubambisana ngenxa yokuthi umasipala awuhlali uzivalele wodwa ucabangele umphakathi, kodwa abantu baba neqhaza ngentuthuko yabo.

UMasipala weSifunda iHarry Gwala usondeze izindaba ze-IDP nezesabelomali esithangamini nobuholi bendabuko eSifundeni muva nje, lapho kubekwe etafuleni konke okuhlelwayo okubalwa kukho uhlaka lwemiklamo, iSpatial Development Framework (SDF). Lo mhlangano ububanjelwe eZindlini zoMkhandlu eXobho.

Lesi sithangami sinike abaholi bendabuko ithuba lokuzizwela ngokwenziwa uhulumeni kwenzentuthuko nezinhlelo eziza ezindaweni abaziphethe.

Ngesikhathi ethula uhlaka lwesabelomali sika-2024/2025 kulo mhlangano, uSomlomo kaMasipala weSifunda iHarry Gwala, uKhansela S. Mdunge uthe kufanelekile ukuthi amakhosi nezinduna bazi ngokuthi uMasipala unaziphi izinhlelo zomphakathi.

"NjengoMasipala weSifunda iHarry Gwala, kuyisifiso sethu ukwazisa iNdlu yabaHoli boMdabu ngokuthi senzani nanokuthi yiziphi izinselelo esibhekene nazo ukuze sikwazi ukudlula kuzo. Ngeke sakwazi ukusebenza ezindaweni zamakhosi engazi ngokwenzekayo," kuchaza uSomlomo uMdunge.

OnguSihlalo weNdlu obuHoli boMdabu eHarry Gwala aphinde abe yiPhini likaNdunankulu kaZulu, Inkosi P. Chiliza, ugcizelele ukubaluleka kwenkundla enjengale ngoba amakhosi athola ukwaziswa ngokwenziwa uMasipala ekuletheni izidingo kubantu.


"Siyathokoza ukuba yingxenye yalo mhlangano, ubalulekile kithi singamakhosi ngoba sithola ukucaciseleka ngokulethwa umasipala kubantu esibaphethe. Sikhulu isidingo sokuthi amakhosi azibandakanye nezinhlelo zentuthuko," kusho Inkosi uChiliza.

Amakhosi aphinde akhuthazwa ukuba adlulisele imilayezo kubantu ezindaweni zawo ngesikhathi enezimbizo zokulethwa kwezidingo, nokuthi axhumane nomasipala ngokuwubhalela angalinde izithangami kuphela uma kukhona okudinga ukuxoxwa. Abaholi bomdabu bazwakalisa ukuthakasa kwabo ngobudlelwano obuphilayo phakathi kwawo noMasipala weSifunda. Abe esecela ukuba aziswe njalo ngezentuthuko ezindaweni zawo ukuze akwazi ukuxhumanisa ukukhuluma nezakhamuzi ngokushesha.

Ngale kwalo mhlangano, uMasipala weSifunda iHarry Gwala ube nezinye izinkundla lapho bekwethulwa futhi kudingidwa uhlelo i-IDP neSabelomali ngaphansi komasipala uBuhlebezwe, Dr Nkosazana Dlamini-Zuma uMzimkhulu ne-Greater Kokstad Local Municipality.

# UNgqongqoshe Wezemfundo ushayela ihlombe isifunda i-Harry Gwala ngemiphumela ka-Matric








**UMphathiswa wezeMfundo uMbali Frazer neMeya ZD Nxumalo babe yingxenye yokubungazwa kwemiphumela ka-matric ka-2023 eSifundeni.**

BEBAMBISENE noMnyango wezeMfundo KwaZulu-Natal, uMasipala weSifunda iHarry Gwala uhalalisele abafundi abenza kahle ekubhalweni kwezivivinyo zika-2023.

Lobu bukhazikhazi bomcimbi benzelwa ehholo iPeace Initiative Hall eXobho, lapho uNgqongqoshe wezeMfundo KwaZulu-Natal uMbali Frazer wemukelwa ngemfudumalo iMeya yeSifunda uKhansela ZD Nxumalo.

Abaphathi nezikhulu zoMnyango wezeMfundo nabanye okubanjiswene nabo bakhombise enkulu intshisekelo nokuziqhenya bejabulela ukwenza kahle kwekilasi lika-2023.

Emukela abebesemcimbini, uKhansela Nxumalo uzwakalise ukuthakasa okukhulu ngokufinyelela ku-87.7% kwemiphumela ka-matric eHarry Gwala. Ukhuthaze bonke ukuba bazibandakanye ekusizeni intsha ithuthuke wathi "isizwe esingayinakekeli intsha sifana nesingekho".

Kulo mcimbi kuphinde kwashayelwa ihlombe othisha nabazali abafake igxalaba ekuqinisekiseni ukuthi izingane zikulungele ukubhekana nezivivinyo. Nalabo abangenzanga kahle abashiywanga ngaphandle njengoba bekhuthazwe ukuba bavuke bazithathe.

Oyinhloko yoMnyango wezeMfundo KwaZulu-Natal, uMnuz GN Ngcobo, uncome kakhulu ithimba loMnyango wakhe ngokusebenza ngokuzikhandla, wathi: "Kumele sikusho ukuthi izinga lokuphasa kuka-matric ka-2023 lingeliphezulu emlandweni walezi zivivinyo."

UNgqongqoshe ugcizelela ukuthi le miphumela iluphawu oluveza ngokusobala ukubaluleka kokubambisana nokuzinikela kuzo zonke izinhlaka ezithintekayo. Uthe yilokhu kubambisana okwenza umsebenzi kahulumeni wokucabela abafundi indlela eya empumelelweni ube lula.



**UMphathiswa uSipho Hlomuka ngesikhathi kuphendulwa isoyi lokwakhiwa komgwaqo u-P113 eBuhlebezwe.**

# IZIGIDI ZOKUTHUTHUKISWA KWEMIGWAQO ESIFUNDENI I-HARRY GWALA

UNGQONGQOSHE wezokuThutha, ukuPhepha koMphakathi nokuXhumana, uSipho Hlomuka, umemezele izigidi zamarandi okuhloswe ngazo ukulungisa ingqalasizinda kuMasipala weSifunda iHarry Gwala.

Emcimbini wesimemezelo, uNgqongqoshe Hlomuka udlulisele izinkontilaki ezizoqala ukusebenza kula maphrojekthi angaphansi kukaMasipala weNdawo uBuhlebezwe. Kule misebenzi kukhona imigwaqo namabhuloho azoxhuma izindawo ezahlukene ngaphansi kweSifunda iHaarry Gwala.

UNgqongqoshe uHlomuka udlulisele inkontilaki yomgwaqo uMain Road P113 ku-ward 13 ngaphansi koBuhlebezwe. Lo mgwaqo ungamakhilomitha angu-34.04 ubude bawo ohlangothini oluseningizimu-ntshonalanga yeXobho. Uhlanganisa Inhlamvini ne-Highflats. Ukufakwa kuka-P113 itiyela kuzosiza kakhulu umphakathi okule ndawo ovame ukuthwala kanzima uma kushintsha isimo sezulu ezindaweni ezingaphansi koMkhandlu wobukhosi eMkhuzeni obuholwa Inkosi uDlamini.

Kulindeleke ukuthi lo msebenzi welekelele nasekufukuleni umnotho eSifundeni njengoba kuzodaleka amathuba omsebenzi angu-100 ngesikhathi kwakhiwa umgwaqo okuzobe kusebenza kuwo nabezinkontilaki ezincane zendawo.

Ngesikhathi ethula lo msebenzi, uNgqongqoshe uHlomuka ubephelezelwa uMeya kaMasipala weSifunda iHarry Gwala uKhansela Zamo Nxumalo, iMeya yaseBuhlebezwe uKhansela Elizabeth Ngubo, abeNdlu yobuHoli boMdabu eSifundeni namakhansela ehambisana nezikhulu




**UMnyango wezokuThutha, Ukuphepha nokuXhumana ube nemicimbi yokuphendulwa kwesoyi yemigwaqo eyahlukene elungiswayo ngaphansi kweSifunda iHarry Gwala.**

zikaMasipala.

UNgqongqoshe usonge usuku ngokuhambela abantu baku-Ward 9 no-13 ehholo lomphakathi iThuleshe, khona eBuhlebezwe. UMeya Nxumalo uphawule ngokuthi uzwa sengathi uyaphupha uma ebona le ntuthuko esigodini akhule kuso. Uthe lokhu kusho lukhulu emphakathini waseThuleshe.

UNgqongqoshe uphinde wethula ukwakhiwa kwebhuloho emfuleni Ingudwini nomgwaqo u-P123 nokuvuselelwa kuka-P422 no-P7/3. Ukwakhiwa kwala maphrojekthi kumqoka ekuxhumeni izigodi ezingaphansi koMasipala weNdawo i-Dr Nkosazana Dlamini-Zuma futhi kuzodala amathuba amaningi emisebenzi.

Ube esethula izinkontilaki ezizosebenza ibhuloho Ingudwini ku-Ward 15 eSandanezwe. Leli bhuloho kulindeleke lidle u-R23 million kanti lizolekelela kakhulu ekufinyeleleni ezidingweni zomphakathi ezifana nezikole. Umgwaqo omkhulu u-P123 obuwumgubane uzovuselelwa ufakwe itiyela. Lo mgwaqo uyibanga elingamakhilomitha angu-7.1 kanti uzodla R177 million, udale imisebenzi engu-55 ngesikhathi kuqhutshwa ukwakhiwa. Umgwaqo uhamba usuka eGqumeni naseMkhuzeni kanti uzokwenza kube lula ukuhamba noma kumanzi.

Omunye umsebenzi odluliselwe kosonkontileka owokuvuselelwa kukaP601/1 no-P603 ngaphansi kukaMasipala weNdawo iGreater Kokstad.

# Ibanjwe ngempumelelo ingqunguthela yentsha kuMasipala weSifunda iHarry Gwala



**UMasipala weSifunda i-Harry Gwala ube nesithangami sentsha e-Oaks Country Hotel eRichmond. Lo mhlangano wezinsuku ezimbili, obuhanjelwe yintsha esuka ezindaweni ezahlukene eSifundeni, ubuyindidiyela yezingxoxo ngezindaba ezithinta intsha.**

NGOKULANDELA isakhiwo sokusungula nokusebenza kwemikhandlu yentsha yeSifunda nomasipala abancane, uMasipala iHarry Gwala ubambe ngempumelelo ingqungqthela yentsha e-Oaks Country Hotel eRichmond.

Kulo mhlangano bekunezingxoxo ngokubuyekezwa kwenqubomgomo, iziphakamiso ezintsha nokubheka kabusha izinhlelo okuhlelwe ngazo ukuthuthukiswa kwabasha.

Bekunobufakazi obanele ngentshisekelo yentsha yaseHarry Gwala kulo mhlangano wenzinsuku ezimbili. Kugxilwe kakhulu ekutholeni izithombululo zokwenza ngcono impilo yabantu abasha ngokubasondeza emathubeni okudala imisebenzi nokuba bakwazi ukuba abaqashi abazokhulisa umnotho.

Ingqungqthela ibibanjelwe ngaphansi kwengqikithi ethi: "Ukuphuthunyiswa kwentuthuko yentsha nekusasa elinozinzo". Lo mhlangano wenzeka nje, kusanda kuba nenkomfa eyaba ngoMashi 2023.

Obemele ubuholi bukaMasipala weSifunda iHarry Gwala, uKhansela VH Msomi, uvule umhlangano ngokuthi kumele kwehle ingevu kugxilwe emaphuzwini abambekayo kulandele izenzo. Wengeze ngokuthi ukwenza kanje kuzodala ukuthi iziphakamiso eziphuma kulo mhlangano zibe nezisombululo zekusasa kulezo zinselelo ezibhekene nentsha.

UNomndayi ube esecela ebuholini bukaMasipala weSifunda iHarry Gwala ukuba buhlale buyivulile iminyango ekusebenzisaneni nentsha.

Ekhuthaza abasha, uKhansela Msomi uthe abangahambeli kude nezinhlelo zikaMasipala ngoba zisuke zenzelwe abantu bakulesi Sifunda. Ube esebonga izinhlaka zentsha emphakathini ngokuzinikela ekuqinisekiseni ukuthi amakomidi ayasebenza.

Amahhovisi entsha ayatholakala kubo bonke omasipala okubalwa kubo i-Dr Nkosazana Dlamini-Zuma, Greater Kokstad, uMzimkhulu noBuhlebezwe - bonke abangaphansi kwe-Harry Gwala District Municipality.

Lolu hlelo lwenzelwe ukufukula intsha ibonakale imisebenzi yayo ukuze nemiphakathi ekuyo ithuthuke, kanye nokuqhakambisa amakhono abasha ukuze bezwakale futhi babonakale uma kuza ezidingweni zabo.

Ingqungqthela yadingida izihloko ezahlukene kokuthinta intsha nomphakathi wonkana. Phakathi kwabebebambe iqhaza bekukhona abe-National Youth Development Agency (NYDA), uMnyango wezoLimo, nokuThuthukiswa kweZindawo zaseMakhaya KwaZulu-Natal, uMnyango wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha neZemvelo, uMnyango wezeMpilo, nabe-Haarry Gwala Development Agency nabanye okubanjiswene nabo.

# UMnyango wakwa-CoGTA KZN wethula uhlelo lwesikhungo sezimo ezibucayi







**Bekumnandi ngesikhathi uMphathiswa uBongi Sithole-Moloi evula ngokusemthethweni Isikhungo seziNhlekelele eBulwer ngaphansi kwe-Dr NDZ Municipality. Lesi sikhungo esisha ceke sihlome ngawo wonke amathuluzi okulekelela ezimweni ezingalindelekile okubalwa kuzo izexwayiso ngesibhicongo esizayo. Sizosiza uMasipala ekutheni abe sesimweni esilungele ukubhekana nokuguquguquka kwesimo sezulu.**

UKULUNGISELELA izimo eziphuthumayo ezivama ukwenzeka ebusika, uMnyango wokuBusa ngokuBambisana nezoNdabuko KwaZulu-Natal usanda kwethula ngokusemthethweni isikhungo i-Dr Nkosazana Dlamini-Zuma Fire and Disaster Management Centre ngaphansi kukaMasipala weSifunda i-Harry Gwala

Le ndawo esanda kwakhiwa, yafakwa zonke izidingo zokulekelela ngezexwayiso uma kuzoba nesibhicongo, kwafakwa nezinjini zokucisha umlilo, izoba lusizo olunqala ikakhulu ekubhekaneni nomonakalo odalwa yisimo sezulu.

UMasipala i-Dr Nkosazana Dlamini-Zuma uyindawo eyakhele amahlathi namapulazi avame ukuba sebucayini ngesimo semililo yequbula ebusika. Yingakho lesi sikhungo sizoba usizo olukhulu kule ndawo.

Evula lesi sikhungo esisezingeni elicokeme, uMphathiswa ka-Cogta KwaZulu-Natal uBongi Sithole-Moloi ukhuthaze umphakathi ukuba uqinisekise ukuthi le ndawo ayicekeleki phansi kodwa isetshenziselwa ukuvikeleka kwabantu nempahla yabo. Inhlabamkhosi kaMphathiswa yenanelwe yiPhini leMeya kuMasipala weSifunda iHarry Gwala uKhansela Nosisa Jojozi, othe lesi sakhiwo kumele silethe ithemba kubantu futhi sisetshenziselwe ukuhlenga impilo.















**IMenenja kaMasipala Municipal uMnuz GM Sineke uhole ithimba ebelihambele lapho kwakhiwa amaphrojekthi ahlukene.**

# Abaphathi kuMasipala weSifunda i-Harry Gwala bahlola umsebenzi

SEBETHEMBISE ukufingqa imikhono babhukule abaphathi bakaMasipala weSifunda iHarry Gwala ukuqinisekisa ukuthi iSifunda sinamanzi anele, ahlanzekile naphuzekayo futhi asezingeni elihle kakhulu.

Leli thimba ebeliholwa iMenenja kaMasipala, uMnuz GM Sineke, lihambele amaphrojekthi amanzi nenhlanzeko ngaphansi kukaMasipala weNdawo uMzimkhulu, okubalwa kuwo iGreater Mnqumeni Water Supply Scheme, Ibisi Sanitation Phase 2 ( ku-Ward 11), UMzimkhulu Bulk Sewer ne-Greater Summerfield.

Lapha bazinike ithuba lokuzibonela ngo-'si' ukuthi umsebenzi uqhubeka kanjani, ukuze babone nokuthi uzophela ngesikhathi yini. Ukuhambela izindawo zomsebenzi kunika abaphathi ithuba lokuhlela nenqubekelaphambili baphinde baqonde ngezinto ezingabambezela ukuba umsebenzi uphothulwe ngesikhathi.

Inhloso enkulu yalolu hambo bekungukuqhuba nokuqinisekisa ukuthi imiphakathi inamanzi anele eSifundeni.

UMnuz Sineke uthe ithimba lakhe nobuholi bukaMasipala bazoqhubeka nokuhambela amaphrojekthi athe chithi saka eSifudeni iHarry Gwala ukuze benze isiqiniseko sokuthi umsebenzi uyenzeka.

# IZINKONZO ZAMANZI: UKUTHUTHUKISA NOKULONDOLOZWA KWENGQALASIZINDA





### I-PHROJEKTHI YAMANZI IKHUKHULELA WATER SUPPLY

Lo msebenzi uku-Ward 5 kuMasipala weNdawo i-Dr Nkosazana Dlamini-Zuma ngaphansi koweSifunda iHarry Gwala, esifundazweni iKwaZulu-Natal.

Uhlelo omsebenzi ludidiyela ukwakhiwa kwethangi lensimbi elingu-1ML nomgwaqo oya khona ongumgubane okuzoqinisekisa ukuthi umphakathi unendawo eyanele nefanele yokugcina amanzi.

Isigodi esizohlomula ngokuphakelwa amanzi lapha yindawo yaseKhukhulela kanti yonke imisebenzi izoba ngaphansi kwemibandela nenqubo ye-EPWP.

Inkampani kumele isebenzise izindlela ezizokwenza kuqashwe abantu nokuphucula ezempilo nokuphakelwa kwamanzi kule ndawo ngale phrojekthi.

### IMININININGWANE

**Usuku lokuqala komsebenzi:** 25 Agasti 2023
**Usuku lokuqeda:** 30 Juni 2024
**Imali ezosetshenziswa:** R 23 169 066,61
**Ithimba elibhekele umsebenzi:** BM JV Rudkor Consulting (onjiniyela), Sihlahlasiya'hluma Construction (PTY) LTD (abakhayo)
**Ibanga eselihanjiwe ekwakheni:** 72%

### UBUNGAKO BOMSEBENZI

- Ukuhlonzwa kwesiza
- Ukuvulwa kwesiza
- Ukwakhiwa komgwaqo ongumgubane oya ethangini, okufaka namapayipi amanzi adingekayo
- Ukwakhiwa kwethangi, iZincalume Water Storage.
- Ukubiya ngofefe olubizwa nge-Precast Concrete Palisade Fence
- Ukwakhiwa kwemithangala yesiphehli samanzi iKhukhulela Water Treatment plant.
- Ukubekwa kwezindlu ezingombahambanendlwana lapho kuzohlala abasebenzi beKhukhulela Water Treatment Package Plant.
- Ukufakwa kukakhonkolo ezindaweni odingeka kuzo emgwaqeni womgubane.
- Ukwakhiwa kwethangi lokusebenza indle.
- Ukubuyisela esimweni zonke izindawo eziphazamisekile ngenxa yokwakha
- Ukuqaqwa kwezakhiwo zesikhashana

### UKUPHAKELWA KWAMANZI EMNQUMENI UMSUKA

UMasipala weSifunda iHarry Gwala (owawaziwa ngeSisonke phambilini) waqala ukwakha uhlelo iMnqumeni/Santombe Water Supply ngo-2009. Lolu hlelo lwenziwa izigaba ezine, ezinye zalezi zigaba nazo zaba nezigatshana zazo ezenziwa ngezinye izinkontileka.

Kulo msebenzi kwakukhona okunye ukuthuthukiswa kwengqalasizinda yamanzi ezigodini zaseMasameni, eMnqumeni, eNdlovini, Ehlanzeni, eMatyeni, eGugwini, eMahhobe, kwaTshali, Deepdale, Kiliva, eMantuzeleni naseMakhaleni. Lolu hlelo lwalwenzelwe ukuba luhlanganise lezi zindawo ohlelweni lwamanzi olulodwa ngoba izinhlelo ezikhona ezazizimele zazihlupha ngamanzi abuye anqamuke.

Iningi lalezi zindawo zaziphakelwa amapayipi omphakathi noma ompompi abasemagcekeni ngamanzi adonswa phansi, okwakwenzeka abuye engaphumi ngenxa yezomiso nokulinyazwa kwengqalasizinda.

Uhlelo olusha seludonsa amanzi asuke emfuleni Ibisi nesiphehli esiphaka amanzi angu-2M wamalitha ngosuku esiqhele ngamamitha angu-450 kulo mfula. Ngenza yezikhukhula zakamuva ukudonswa kwamanzi emfuleni kwaba nezinkinga kwadaleka umonakalo kwingqalasizinda. Lolu hlelo-ke luhlose ukulungisa ubuhixihixi obukhona ekuphakelweni kwamanzi ngendlela entsha yokudonsa amanzi emfuleni nokulungisa okonakele,

amapayipi neziphehli namathangi.

Ukulunga nokuthuthukiswa kwale ngqalasizinda msebenzi kuzosho ukuthi amanzi angu-5M ngosuku azophakelwa kule ndawo ngosuku.

Umsebenzi ngaphansi kwalolu hlelo ufaka ukudetshwa kwepulani, imishini, ezithinta ugesi nokulawula, imishini yokukala, ukufakwa kwamakhebuli, amathuluzi adingekayo, abasebenzi, abazoba abahlola izinga lomsebenzi, ezokuthutha, amanzi, umoya wokunyusa umfutho nakho konke okuyizidingo zokuhklanganisa inxakanxaka yomsebenzi onje.

Amanzi azodonswa emfuleni Ibisi afakwe emathangini eziphehli, kuyothi lawo aselungele ukusetshenziswa athunyelwe emathangini okuwagcina. Isiphehli esisha sizoba nebhilidi laso bese kuthi yonke le ndawo ibe nalokhu okulandelayo:

- Ukuphakelwa kwamanzi asuka amathangini agcina amanzi edlula emshinini oyindishana esefa okungadingeki
- Ukufakwa kwamakhemikhali okuhlanza amanzi okubalwa kuwo i-chlorine namanye
- Ukulawula kwe-lime
- Amakhosombana namathangi okuthaka amakhemikhali
- Ukudidiyelwa kwamakhemikhali namanzi angakathintwa ngalutho
- Ukuthakwa ngesinono endishini eyisisefo nasemapayipini ahamba amanzi agelezela esihlanzini
- Ukucwebiswa kwamanzi asethakiwe emibhobhongweni yokuwacwenga
- Ukugcinwa kwamanzi asecwengiwe emthonjeni wamanzi wamaphampu
- Ukumpontshwa kwamanzi aswecwengiwe ezisefweni ezinomfutho
- Ukuhlukaniswa kwesihlabathi emanzini asecwengiwe ezisefweni ezinomfutho
- Ukugcinwa kwamanzi asecwengiwe emthonjeni ohlanzekile
- Izindawo zokuhlanzisisa okukhishwa izisefo, ezikhuculula ngomoya nokungcola kwazo izisefo
- Ukuhlanzwa kwamagciwane kwamanzi aselungisiwe nokuhlanjululwa kwemishini
- Ukufakwa kwamanzi endaweni yokugcinwa kwawo
- Ukukhucululwa kwezinsalela zokuhlanzwa kwamanzi nokuhluzwa kwamanzi obhukwini nokuhlambulula obekwenzeka;

Ekugcineni amanzi athakwa i-chlorine gas bese ephampelwa emathangini amanzi aselungele ukudluliselwa kubantu.

Ubungako bomsebenzi wokuphampa esuka phansi ubandakanya lokhu:

- Ukubuyiselwa komthamo njengokohlelo lokuqala kuma-pumpstations, kuhlanganisa ukuvuselelwa lapho kunesidingo khona.

### IMININGWANE YEPHROJEKTHI

**Usuku lokuqala:** 26 Okthoba 2022
**Usuku lokuqeda:** 28 Juni 2024
**Inkontilaki:** Aqua Plan SA
**Abeluleki kwezobuchwepheshe:** ECA Consulting Engineers
**Isabelo mali:** R 49 494 949.49
**Ibanga eselihanjiwe:** 95%
**Amathuba omsebenzi** 10

### MNQUMENI ABSTRACTION, PUMPING SYSTEM AND RISING MAIN: CIVIL, MECHANICAL AND ELECTRICAL WORKS

Ubungako bomsebenzi buhlanganisa lokhu okulandelayo:

- Ukutholakala kwesiza senkambi kasonkontileka nemishini
- Ukulungiswa kwendawo yokusebenzela yesakhiwo sombhoshongo wesikhashana
- Ukugxumeka izinsika edwaleni eliphansi
- Ukwakhiwa ngokhonkolo kombhoshongo wesikhashana ongamamitha angu-11 ubude wenziwa
- Ukwakha kwebhilidi le-pumping station embhoshongweni ngezitini
- Ukulethwa kwawo wonke amathuluzi okwakha, amapayipi nezinye izinsiza eziyisipesheli
- Ukufakwa kwemishini yokuphampa, amapayipi nezinsiza
- Ukulethwa esizeni kwamapayipi ngalezi zikalo: 515m of 355mm PN 12.5 PE100 HDPe
- Ukugencwa kwezihlahla notshani emgwaqeni oza kule ndawo.
- Ukumbiwa kwemisele elinganiselwa ku-515m
- Ayathathwa, abekwe emseleni, kushiselwe, kugqitshwe, avivinywe ulkulungela ukusebenza, ahlanzwe ukungcola
- Ukufakelwa kwama-valve, nawomoya nemitha lokukala amanzi
- Ukwakhiwa komgwaqo onobubanzi obulinganiselwa ku-3.5m nobude buka-180m
- Ukwakhiwa kwemithangala yokugwema ukudilika kwezindonga
- Ukususwa kwezakhiwo zesikhashana eziyimifanekiso
- Ukubuyisela esimweni nokuqoqa okusele okungasebenziseka esakhiweni sesikhashana esidilizwayo
- Ukulungiswa nokupheshwa kwesiphehli samanzi esikhona
- Ukulungiswa nokupheshwa kwamapayipi
- Ukulungiswa nokupheshwa kwezakhiwo zamathangi kakhonkolo agcina amanzi

### IMININGWANE YEPHROJEKTHI

**Usuku lokuqala:** 12 Okthoba 2022
**Usuku lokuqeda:** 14 Juni 2024
**Inkontilaki:** Mabona Civils and Plant Hire
**Abeluleki:** ECA Consulting Engineers
**Isabelo mali:** R 28 000 000.00
**Ibanga eselihanjiwe:** 75%
**Amathuba omsebenzi:** 19




**Abasubathi abasuka ezindaweni ezahlukene eNingizimu Afrika nasemazweni angomakhelwane belindele ukuqala komjaho i-2024 Harry Gwala District Marathon.**

# Ubuhle be-Harry Gwala District Marathon

UMASIPALA weSifunda iHarry Gwala ube nomjaho obe enkulu impumelelo nowesekwe izindimbane zabantu ophelele ezinkundleni zemidlalo esikoleni Ixopo High School.

I-Harry Gwala District Municipality Marathon isetshenziswe abagijimi abaningi ukulungiselela iComrades Marathon kanti bekungenele abasubathi abangu-500 abebegijima amabanga ehlukene okukhona kuwo owe-42.2km, i-half marathon engu-21.1km, owebanga lika-10km abagijimayo nabahambayo.

IMeya yeSifunda iHarry Gwala, uKhansela Zamo Nxumalo akazithelanga ngabandayo njengoba naye ebengenele ibanga lika-10km kulo mjaho okubambisene kuwo uMasipala weSifunda., abezindawo uBuhlebezwe Local Municipality noMzimkhulu Local Municipality, uMnyango weZemidlalo, ezobuCiko namaSiko KwaZulu-Natal ne-Genius Athletic Club.

UMholi Jali nguye odle umhlanganiso ebangeni lika-42.2km esigabeni sabesilisa, ngesikhathi esingu-02:33:45, kwathi kwabesifazane ebangeni elifanayo kwawina u-Irine Ioritarency ngesikhathi esingu-02:58:49.

"Kuyinto enkulu ukuwina umjaho omkhulu ngale ndlela, sengike ngagijima kwi-Harry Gwala Marathon phambilini kodwa angangenza kahle. Ngibona sengathi kungisizile ukujima nokuzilungiselela kahle. Ngizizwa ngihloniphekile ukuwina lo mjaho ekhaya ngoba ngingowaseMzimkhulu. Manje sengizizwa ngiyilungele iComrades Marathon okungeyokuqala kimi nonyaka. Ngijabule kakhulu ngokuwina lo mjaho," kusho uJali.

I-Harry Gwala Marathon isukela eMzimkhulu iphelele eXobho. Omunye wabagijimi abahlonishwayo uNkosikhona Mhlakwana, owaqeda endaweni yesithathu ku-42.2km, uncome ukusebenza kohlelo olwaziwa nge-Elite Athlete Development Programme (EADP) loMnyango owabe eyingxenye yalo.

Lo msubathi wase-Howick wangena endaweni ka-11 kwiComrades yakhe yokuqala ngo-2019, waphinde waqeda nabaphambili emijahweni ye-Two Oceans Marathon emibili. Kuyena inhloso enkulu kwabe kungukwenza kahle kuComrades.

UMuzi Fodo wabongwa ngokukhethekile iMeya yeSifunda esigabeni sabagijima ngama-wheelchair.

"UMuzi Fodo uthole lo mklomelo oyisipesheli ngesibindi sakhe sokungenela umjaho ka-10km ehamba ngesihlalo esinamasondo. Akwenzile kumele kusikhuthaze sonke ukuba sizibandakanye nemijaho efana nalo, siyeke ukubeka izaba. Ngibongela bonke abaphumelele nabo bonke abathathe isikhathi sabo bengenela lo mjaho omuhle kangaka," kusho uMeya Nxumalo


"Ngempela sizimisele ukuthi lo mjaho ufinyelele eminyakeni eyishumi wenzeka, sifisa ukhule nokuthi abagijimi bahlomule ngawo futhi osomabhizinisi bendawo kube nabakutholayo ngawo."

UNxumalo uthe iSifunda iHarry Gwala sinethemba lokuthi ngonyaka ozayio lo mjaho uzobe usudlondlobele waba sezingeni eliphezulu kunalokhu.
































**Ngaphambi nangemuva komjaho i-Harry Gwala Marathon.**

Imiphumela yemijaho imi kanje:

**ABESILISA 42.2km**
1. Mholi Jali
2. Kabelo Lesia
3. Nkosikhona Mhlakwana

**ABESIFAZANE 42.2km**
1. Irene Ioritarency
2. Sheila Saina
3. Monicah Jepkorir Mengich

**ABESILISA 21.1km**
1. Lebenya Nkoka
2. Letlatsa Nape
3. Lehlohonolo Ralebetele

**ABESIFAZANE 21.1km**
1. Jenet Mbhele
2. Dekeledi Majara
3. Ntshangase Nokuthula

**ABESILISA 10km**
1. Thabang Sekonyela
2. Tumelo Ralitabo
3. Tseliso Masiu

**ABESIFAZANE 10km**
1. Busisiwe Chamane
2. Malineo Mahloko
3. Banele Favourate Mabizela

**ABESILISA 10km WALK**
1. Lucky Gumede
2. Vukani Mdunge
3. Ntokozo Majozi

**ABESIFAZANE 10km WALK**
1. Babongile Memela
2. Amahle Cebekhulu
3. Amahle Mzimba

# Enye indumezulu kubathandi bezemidlalo - I-Harry Gwala District Mayoral Cup 2024




**Ngesikhathi kuqhubeka ukukhishwa kwemiklomelo ye-Harry Gwala District Mayoral Cup 2024.**

BEKUNGUQHUDE manikiniki, mnike isongo lakhe ngesikhathi kuqhubeka imidlalo ye-Mayoral Cup kuMasipala weSifunda iHarry Gwala ezinkundleni iZungu Sportsfield eXobho ngasekuqaleni kukaMeyi.

Le midlalo yayiqale ezingeni lamawadi, kwathi abawine lapho bedlulela emidlalweni yomasipala bendawo ngaphambi kokuthi ziqhuthane amakhizane esigabeni sikaMasipala weSifunda. Amaqembu aqeda ephezulu kuma-Mayoral Cup Games komasipala abehlukene nalawo alala isibili yiwo abetholene phezulu kuma-District Mayoral Cup Games.

Kwabonakala ikhono elalingaziwa ngesikhathi iMeya yeSifunda iHarry Gwala, uKhansela Z. Nxumalo ekhipha amangwevu njengonozinti welinye lamaqembu ayebambe iqhaza. Nezimeya zomasipala abangaphansi kwe-Harry Gwala bezikhona, okubalwa kuzo uKhansela EB Ngubo waseBuhlebezwe Lovcal Municipality, uKhansela SP Msomi we-Dr Nkosazana Dlamini-Zuma Loval Municipality, uKhansela J. Msiya waseMzimkhulu local Municipality noKhansela MNL Madikizela wase-Greater Kokstad Municipality.

**Amaqembu angenela imidlalo yebhola likanobhutshuzwayo nelomnqakiswano kanti imiphumela yahamba kanje:**

**I-NETBALL:**
Ompetha (igolide): ***KGM Jauguers*** yase-Greater Kokstad Municipality,
Endaweni yesibili (isiliva): ***Mhlawuli*** esuka eMzimkhulu Local Municipality
Endaweni yesithathu (ithusi): ***Hash Tag*** yase-Greater Kokstad Municipality.

**IBHOLA (Abesilisa):**
Ompetha: ***Good Fellas*** yaseMzimkhulu Local Municipality,
Endaweni yesibili: ***Elect*** yase-Greater Kokstad Municipality,









Endaweni yesithathu: ***Limited*** yaseBuhlebezwe Local Municipality

Abaphume phambili kuzo zombili izinhlobo zemidlalo bahlomula ngesheke lika-R25 000, kwathi abaphume isibili bakhala bemuka no-R15 000 iqembu ngalinye. Abaqede endaweni yesithathu bemukela umthobanhliziyo ka-R10 000.

**Abadlali abavelele nabo abaklonyeliswa kwaba yilaba:**
**IBHOLA**

- UNozinti ovelele: ***Dlamini Phathokuhle (Good fellas)***
- Isitobha esivelele: ***Liyabonga Phumza (Elect)***
- Umdlali wasesiswini ovelele: ***Lonwabo Nafu (Good fellas)***
- Oshaye amagoli amaningi: ***Nkanyiso Shabalala (Ubuhlebezwe)***
- Umdlali ovelele jikelele: ***Sibabalwe Myeki (Elect)***

**I-NETBALL**

- Onamaphuzu amaningi: ***Mbali Diphoko (Jaguars)***
- Umdlali wasesiswini ovelele: ***Asanda Ntshangase (Mhlawuli)***
- U-Goal Keeper ovelele: ***Mandisa Mathe (Magic girls)***
- Umqeqeshi owenze kahle: ***Nhlanhla (Mhlawuli)***
- Umdlali wosuku ovelele: ***Lindiswa Qini (Jaguars)***

UMasipala weSifunda iHarry Gwala awuthathi umqhudelwano we-Mayoral Cup njengomcimbi wokuwina izindebe nje kuphela, kodwa into emqoka ukusebenzisa ezemidlalo njengethuluzi lokukhulisa umuntu, ukuthuthukisa umphakathi nokuxhumanisa abantu.

IMeya yeSifunda, uKhansela Zamo Nxumalo ubonge kuzo zonke izinhlaka zezemidlalo namaqembu abebebambisene noMasipala ekwenzeni le imidlalo ibe yimpumelelo.

Uphinde wathembisa ukuthi i-Mayoral Cup elandelayo iyoba nkulu futhi ibe ngcono ngemuva kokunxusa kwabantu ukuthi nezinye izinhlobo zemidlalo zifakwe kulo mqhudelwano.

